the dti Campus, 77 Meintjies Street, Sunnyside, Pretoria, Gauteng, 0002
Tel: +27 (12) 394 1535 Fax: +27 (12) 394 2535
Private Bag X84, Pretoria, Gauteng, 0001

Email: RamareM@beecommission.gov.za

B-BBEE COMMISSION
a member of the dti group

Imisebenzi Yokubika?

I-*Broad-Based Black Economic Empowerment Commission*isungulwe njengesikhungo esiphethwe uMnyango Wezohwebo, Ezezimboni Nezokuqhudelana Kwezohwebo ("**i-dtic**"). IKhomishana Yasungulwa ngokwesigaba 13B soMthetho i-*Broad-Based Black Economic Empowerment Act No. 53 of 2003* njengoba uchitshiyelwe kuMthetho i-*Broad-Based Black Economic Empowerment Act No. 46 of 2013* ("uMthetho we-B-BBEE"). Umsebenzi wayo ubandakanya ukukala ukuqaliswa koMthetho we-B-BBEE nokulwisana nezenzo zokungalandelwa kwezimiso zoMthetho we-B-BBEE.

Ungabika kubani?

Ikhomishana i-B-BBEECommission:

inegunya lokuphatha iRiphabhulikhi yonkana ephathiswe umthetho ukwenza izinto ngokungachemi futhi yenze imisebenzi yayo ngaphandle kokwesaba, ukuchema noma ukubandlulula futhi kufanele yenze imisebenzi eyabelwe yona ngokoMthetho futhi isebenzise lawo mandla angangqubuzani noMthetho njengoba kungenzeka. ebhalwe ngungqongqoshe

Yimaphi amandla eKhomishana i-B-BBEE Commission?

Inamandla oku:
Okwamukela umbiko, yenqabe umbiko, iqale uphenyo futhi idlulisele izindaba kwezinye izinhlangano ezilawulayo nezokuphoqelela.

Ubani okumele abike kule khomishane i-BBEE Commission?

1. Umkhakha kahulumeni, inhlangano yomphakathi noma uhlaka lukahulumeni kufanele lufake izitatimende zezezimali zonyaka ezicwaningiwe Kanye nombiko wonyaka ohlanganiswe ngokwesigaba 13G (1) somthetho minyaka yonke kukhomishana enqunyiwe ye-**B-BBEE FOMU1,** zingakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu (30) zokugunyazwa kwalezo zitatimende zezezimali ezicwaningiwe Kanye nombiko wonyaka.

2. Inkampani kahulumeni esohlwini lwe-Johannesburg Stock Exchange kufanele ilethe umbiko wokuthobela umthetho odingekayo ukuze ufakwe minyaka yonke ngokwesigaba 13G (2) soMthetho minyaka yonke kukhomishana enquyiwe ye-**B-BBEE FOMU 1**, phakath kwezinsuku ezingamashumi amathathu (30). okuyizinsuku zokugunyazwa kwezitatimende zezimali ezicwaningiwe kanye nombiko wonyaka noma izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye (90) ekupheleni konyaka wezimali.

3. I-Sectoral Education and Training Authority (SETA) kufanele ilethe umbiko odingekayo ngokwesigaba 13G (3) somthetho minyaka yonke kukhomishani, mayelana nezindleko zokuthuthukiswa kwamakhono Kanye nezinhlelo ezikwi **FOMU** elinqunyiwe le-**B-BBEE 2**, zingakapheli izinsuku ezingama-30. yokugunya zwakwe zitatimende zezimali ezicwaningiwe kanyenombiko wonyaka noma izinsuku ezingama-90 ekupheleni konyaka wezimali. Ungqongqoshe wezohwebo nezimboni kufanele zingakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu (30)athole imibiko yemikhandlu yomthetho womkhakha ngokwesigaba 10(4) soMthetho, athumele lowo mbiko womkhakha kukhomishana i-B-BBEE Commission ukuze icutshungulwe.

Iyiphiinqubo?

4. IKhomishana i-B-BBEE Commission izovuma ngokubhala phansi ezinsukwini ezinhlanu (5) ukuthi iwutholile umbiko.

5. IKhomishana i-B-BBEE Commission inezinsuku ezingama-90 zokubhekaumbiko, futhiiphendulekumuntuofakeisicelomaqondananesimosokuthotshelwakoMthetho.

6. IKhomishana i-B-BBEE Commission ingavakashela izindawo ukuze iqinisekise ubuqiniso bolwazi olufakwe embikweni noma iqale uphenyo ngokoMthetho.

7. Esimeni sokungathotshelwa koMthetho, iKhomishana i-B-BBEECommissioningase yazise umkhakha kahulumeni, inhlangano yomphakathi, uhlaka lukahulumeni, inkampani esohlwini noma i-SETA ngokukhipha **IFOMU B-BBEE 3** elinqunyiwe lokungathobeli umthetho futhi ifune ukuthi inkampane ilungise umbiko zingakapheli izinsuku ezingama-30.

i. IKhomishana ye-B-BBEE ingase ibambe nenhlangano ethintekayo umhlangano ovaliwe noma ovulekile ukuze iphendule imibuzo ephakanyiswe yiKhomishana i-B-BBEE Commission mayelana nombiko.

ii. Uma inkampane yehluleka ukuthobela umthetho phakathi nesikhathi esiyizinsuku ezingama-30 Ikhomishana ye-B-BBEE kufanele iwuchithe umbiko ngokukhipha **IFOMU** elinqunyiwe elithi **B-BBEE 4** ngezizathu.

8. Uma iKhomishana i-B-BBEE Commission yanelisekile ukuthi umbiko uyahambisana noMthetho, iKhomishana i-B-BBEE Commission izokwazisa ibhizinisi elithintekayo nge**FOMU** elinqunyiwe le-**B**-**BBEE 5.**

9. Ngokwesigaba 13L soMthetho, lapho uhambisa ulwazi kuKhomishana i-B-BBEE Commission, umuntu angase athi yonke imininingwane noma ingxenye yalolo lwazi iyimfihlo futhi isicelo kufanele sisekelwe isitatimende esibhaliwe esichaza ukuthi kungani ulwazi luyimfihlo. .

10. IKhomishana i-B-BBEE Commission ingashicilela imibiko ngendlela ebona kufanele.

Isiphetho

11. IKhomishana i-B-BBEE Commission inikeza iseluleko kunoma iyiphi inhlangano efisa ukucacisa inqubo. Uma ufisa ukuthola iseluleko, sicela uthumele ukucaciselwa. IKhomishana i-B-BBEE Commission ikhuthaza zonke izinhlaka ukuthi zenze le nkonzo lapho zingacacile khona.

Isithombe Somgudu Wohlelo Lokubika Olandelwayo



Imininingwane yokuxhumana nathi

B-BBEE Commission

the dtic Campus

77 Mentjies Street
Sunnyside

Pretoria,

0002

Ikheli le-**the dtic**
Private Bag X84
Pretoria
0001

Ucingo:(+27)12 394 1535
I-Imeyili: MRamare@beecommission.gov.za
Isikhungo sokuxhumana nekhasimende **dtic**: 0861 843384
Isizindalwazi: www.bbbeecommission.co.za